



I-inthanethi ikuvulela ithuba lokufunda, ukuthenga, ukudlala imidlalo futhi uphinde ukhulume nabangane bakho njengokwejwayelekile.

Ngokunjalo, i-inthanethi ingaphinde ibe nobungozi ezinganeni.


Imbangela yalokhu ukuthi kukhona abantu abangalungile abasebenzisa i-inthanethi ngezizathu ezingezinhle.




Nazi izinhlobo zabantu abangalungile abanokusebenzisa i-inthanethi:

- Abantu abangamasela abanokuntshontsha imininingwane yakho.
- Iziqhwaga ezisebenzisa i-inthanethi ukukuhlukumeza, ukukuphoxa noma ukukwehlisa isithunzi.
- Yilabo abayisebenzisa ukukuyenga ngenhloso yokukunukubeza ngokocansi.

Uzofunda kabanzi ngalokhu emakhasini alandelayo.



Ukuze uphephe ungalandelwa yilaba abantshontsha imininingwane yabanye abantu, kufanele ungalokothi utshele noma yimuphi umuntu ohlangana naye ku-inthanethi lokhu:

- Igama lakho langempela.
- Inombolo yakho yocingo.
- Ikheli lalapho uhlala khona.
- Imininingwane ephathelene nomndeni wakho.
- Isikole ofunda kuso.

Lolu lwazi lwenza kube lula ukuthi laba bantu abantshontsha imininingwane yabanye bazenze wena kuyi-inthanethi.



Isiqhwaga se-inthanethi yilowo owenza lokhu:

- Wabelana nabanye ngemininingwane yakho, afake ku-inthanethi izinto ezimbi ngawe.
- Ukhombisa ukuthi akakuthandi.
- Sitholakala ezinkundleni zokuxhumana, emagumbini okubanjelwa kuwo izingxoxo, emagumbini emidlalo, nakuma-imeyili.

Bikela umuntu omethembayo omdala uma kukhona isiqhwaga esikulandelayo empilweni yakho noma kuyi-inthanethi.



Abayengi abakuyengela ukukunukubeza ngokocansi ku-inthanethi kuvame ukuba ngabantu abadala. Bangazama ukwenza lokhu:

- Bathola yonke imininingwane ngawe
- Bakha ubudlelwano obenza ubethembe
- Babukeka bethembekile, belungile futhi bezokunakekela
- Bacela ubanike isithombe sakho
- Bakuyenga ukuthi wenze izinto ezinobungozi kuwe

Qaphela wonke umuntu ohlangana naye kuyi-inthanethi.



Akubona abantu ababi kuphela esinokubathola kuyi-inthanethi, kodwa kukhona nolwazi olungelona iqiniso futhi olunobungozi.

Ungakholwa yikho konke okufunda kuyi-inthanethi njengeqiniso.

Ungacela umuntu ongumzali noma uthisha akusize ukuhlola ukuthi ulwazi oluthola kuyi-inthanethi luyiqiniso noma aluyilona iqiniso.



Nazi zinto okufanele uziqikelele uma usebenza kuyi-inthanethi:

- Ziphathe ngokuyikho
- Hlonipha ngaso sonke isikhathi
- Hlala uqaphele

Uma wenza konke lokhu, uyohlala uphephile kuyi-inthanethi.



Lonke ulwazi olufaka kuyi-inthanethi kanjalo nezithombe, kungumthwalo wakho ngokugcwele.

Kufanele ucabangisise uma ufuna ukufaka ulwazi, izithombe zakho noma umndeni wakho kuyi-inthanethi.

Lokhu kungasetshenziswa ukucekela phansi noma ukwehlisa isithunzi somndeni wakho.

I-inthanethi ayikhohlwa noma yini oke wayithumela kuyo, ngisho noma usukucishile lokho.



Kumele uzihloniphe, futhi uhloniphe nabanye abasebenzisi be-inthanethi: ngalokho okushoyo, okuthumelayo kanye nalokho okwenzayo.

Ungesabi ukwazisa abazali abakho nganoma yini eyenzeka kuyi-inthanethi noma ngalowo ohlangane naye kuyi-inthanethi.



Hlala uqaphile uma usebenza kuyi-inthanethi, Akubona bonke abantu abazenza abangane bakho kuyi-inthanethi abangabangane abahle.

Sebenzisa lonke ulwazi oluthole kule incwadi lukuholele ekutheni uhlale uphephile kuyi-inthanethi.

## ——Imibuzo

1. Bala izinto ezimbili onokuzenza kuyi-inthanethi.
2. Bala izinhlobo ezintathu zabantu abenza izinto ezimbi kuyi-inthanethi.
3. Kungani kubalulekile ukucela umuntu omdala akusize lapho usebenzisa i-inthanethi?
4. Bhala izinto ezimbili okungafanele wabelane ngazo nabanye kuyi-inthanethi.
5. Yini okufanele uyenze uma uzizwa ungaphephile kuyi-internet?

Le ncwadi ingenye yezincwadi ezine eziwuchungechunge ezabhalwa ngenhloso yokweseka ukufunda ngobuchwepheshe bekhompyutha.

Iyingxenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi ye-Zenex Ulwazi Lwethu ezabhalwa ngo-2021.